# Hillcrest High School

# IsiZulu Ulimi Lokuqala Lokwengeza

# Ibanga lesishiyagalolunye (Grade 9)

# Ukuhlolwa kukaNovemba 2017

# Iphepha lesibili (PII)

**Isikhathi: 2 Amahora** **Umklomelo: 100**

---

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

| | | | |
|---|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Umbhalo omude odlulisa umyalezo. | | (30) |
| | Umbhalo omfishane odlulisa umyalezo. | | (20) |
| ISIQEPHU B: | Impicabadala | N.G. Dlamini | (50) |

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
5. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu.

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-55 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-55 |

**ISIQEPHU A**

**UMBUZO 1**

**Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-80 kuya kwayi-100.**

1.1 **INCWADI YOBUNGANE**

Uhlangane nomngane wakho enanifunda naye esikoleni samabanga aphansi ngowezi-2015 edolobheni. Isikhathi kasinivumelanga ukuthi nixoxe ngokwenzeka ezimpilweni zenu mbhalele umxoxele ngokwenzeka empilweni yakho njengoba ningasabonani nje. (30)

1.2 **INGXOXO**

Abazali bakho balungiselela ukuthatha iholide ngonyaka ozayo. Umama wakho ufisa ukuya eKapa wenaawithandi ukuya khona. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nomama umbonisa ukuthi wena kungani ungathandi ukuya eKapa ufisa ukuya kwenye indawo. (30)

**1.3 UMLANDO NGOMUFI**

Ekhaya kushone umalume wakho obekukhonzile. Umalumekazi uthembele kuwe.ngokubhalwa komlando. Umalumekazi ukucele ukuba umsize ekubhaleni umlando ngomalume wakho. Bhala umlando ngomufi kamalume wakho. (30)

**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-60 kuya kwangama-80.

**2.1 ISIMEMO**

Abazali bakho bagcine bevumile ukuthi ngonyaka ozayo bazokwenzela umcimbi wokugubha usuku lwakho lokuzalwa. Banikeze wena umsebenzi wokubhala izimemo. Bhala isimemo somcimbi wakho. (20)

**2.2 IPHOSIKHADI**

Uthole ithuba eliyingqayizivele lokuyomela iqembu lesikole emdlaweni e-France. Okukujabulisa kakhulu ukuthi kukhona umalume wakho ohlala khona. Mbhalele IPHOSIKHADI umazise ukuthi uyeza uzofika nini kuphi ukuze nigcine nibonene. (20)

**2.3 IDAYARI**

Ngamaholide ubuvakashele ogogo nomkhulu endaweni yasemakhaya lapho kusagcinwa khona amasiko. Bhala IDAYARI yezinsuku ezinhlanu ngobukwenza ngesikhathi usemakhaya. (20)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

**ISIQEPHU B**

**IMPICABADALA** **N.G. DLAMINI**

**UMBUZO 3**

Khetha abalingiswa ABABILI ubhale ngabo ukuthi bangabantu abanjani. Bhala amaphuzu AMAHLANU umlingiswa emunye.

3.1 UThemba

3.2 Madoda

3.3 UMaqhinga

3.4 UNozipho (10)

**UMBUZO 4**

Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

(UYodwa noMadoda bahlezi endlini yokudlela kwaMkhize emzini kaMadoda)

| | |
|---|---|
| **Yodwa** | : Baba kaMpilwenhle, uDelisile sengathi usengihlulile. (Uyahwaqabala.) Kuze kube yimanje akakabuyi esikoleni, angazi noma usandiza ngalezo zimoto yini. (Weneka izandla. Anikine ikhanda) |
| **Madoda** | : Mkami angisazi ukuthi ngimenze njani uDelisile. |
| **Yodwa** | : Obani lobo bugudlugudlu ngoba ngithi sisodwa lapha endlini? (Asukume aye emnyango ophakathi, khimilili ngokumangala.) |
| **Delisile** | : (Uyavevezela) Ngiyaxolisa mama. |
| **Yodwa** | : (Ngesankahlu) Uxolisani? |
| **Madoda** | : (Ngokumangala) Ubani lowo? Kwenzenjani? (Esondela ngasekhishini.) Hawu! Yini Delisile? Manyala mani lawa oyiwona? (UDelisile athule angaphenduli. UMadoda noYodwa bamgqolozele, amehlo agcwale ulaka.) |
| **Yodwa** | : Delisile uphumaphi? Yini le ekuklebhule kanjena? |
| **Delisile** | : Zi.. Zi... (Asikhihle isililo.) |
| **Madoda** | (Ngezwi elizikile.) Njengoba ubuya ebusuku nje umantwenguntwengu kanjena kwenzenjani? Uphumaphi ngalesi sikhathi? |
| **Delisile** | : Ngiphuma kumama, ngilibaziseke khona. |

3.1 Basemzini kabani laba abakhuluma kulesi siqephu? (1)

3.2 Lithini igama lesikole uDelisile afunda kuso? (1)

3.3 UDelisile wadatshulelwa ngubani ihembe lesikole? (1)

3.4 Wayephumaphi uDelisile njengoba afika emva kwesikhathi ekhaya? (1)

3.5 UDelisile wazikhethela ukuyohlala noYodwa angahlali nomama wakhe? Chaza ngamaphuzu AMABILI (3)

3.6 Kwagcina kwenzekeni kuDelisile emva kokuba echaze ukuthi uphuma kumama wakhe. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.7 Yini ebangela ukuba uYodwa acabange ukuthi uDelisile usandiza nezimoto njengoba sekuhlwile engabuyile esikoleni? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.8 Ngokucabanga kwakho kwakulungile yini ukuthi uDelisile ahambe ngemoto uma eya noma ebuya esikoleni? (1)

3.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe endabeni:

3.9.1 Ukukhihla isililo (2)

3.10 Yini inhloso yombhali ukuveza uNozipho njengomuntu ophumelelayo empilweni? Chaza ngamaphuzu AMABILI (2)

3.11 Yiziphi izifundo EZIMBILI ozitholile kule noveli Impicabadala? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (4)

[20]

| | |
|---|---|
| **Donsa** | :-Ngicela unginike indlebe Zungu. |
| **Zungu** | : (Ngokumangala) Ngilalele ndoda. |
| **Donsa** | : Isimo kasisihle neze laphaya ekhaya. UDelisile sixabana njalo naye. Ngingathi nje asizwani sengathi sashadana sisebuthongweni. |
| **Zungu** | : Usufuna ukumchitha nalona? |
| **Donsa** | : Kona ngibona ukuthi kuzokwenzeka kanjalo. Kodwa-ke sengisenkingeni kakhulu kuTholile. Angiboni ukuthi umkami angabuye angemukele. |
| **Zungu** | : Impela nami angazi Donsa. Into enje kufanele ukuthi uyakwesaba. |
| **Donsa** | : Ufanele angesabe, ngamgila isilo sengubo. Bheka nje. (Umkhombisa amapheshana) UTholile usehlukanisile nami, inkantolo yanquma ukuthi ngikhokhe imali yesikole engamakhulu amathathu, nemali yokwelapha angamakhulu amabili nyangazonke. Yaphinda futhi yanquma ukuthi ngifune enye indawo yokuhlala umuzi ubuyele kuTholile nezingane. Kwamshado |

| |
|---|
| lona engiwushade noDelisile awukho ngoba phela sasishade esontweni noTholile. |

3.12 Laba abaxoxa lapha bahlobene kanjani? (1)
3.13 UDonsa wayeshade nobani ngaphambi kokushada uDelisile? (1)
3.14 Unkosikazi kaDonsa wokuqala wayefundele muphi umsebenzi? (1)
3.15 Ukuthi sashadana ebuthongweni okushiwo uDonsa kuchaza ukuthini? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)
3.16 Inkantolo yanquma ukuthi uDonsa amkhokhele malini unkosikazi wakhe uma isihlangene imali ngenyanga? (2)
3.17 Ukube wena wawunguTholile wawuzobuyelana noDonsa? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)
3.18 Ubani igama le nyanga eyasiza umama kaDelisile ukuba agcine eseshade noDonsa. (1)
3.19 UNgqondo wacela bani ukuba aphuzise izingane zakhe isobho elinomuthi? (1)
3.20 Uma ubheka izinkinga uNgqondo abhekana nazo ngenkathi ethandana noMadoda zaba nomthelela wokudukisa uDelisile. Vuma noma uphike usekele impendulo yakho. (3)
3.21 UNgqondo wamnika malini lo nkosikazi amthumela ukuba anike oDelisile isobho? (1)
[15]

4. Khetha igama ELILODWA ezikokeleni ulibhale phansi. Bhala igama KUPHELA.

4.1 Umama kaHleziphi (uMaGumede, uMaNdaba, uMaSibiya).
4.2 UHleziphi wagcina efundele ukuba (ngumhlengikazi, uthisha, ummeli)
4.3 UMaMbedu wayegula ephethwe (iphika, isisu, ikhanda).
4.4 Igama likamfowabo kaHleziphi (uMpilo, uMusa, uBheki)
4.5 UDelisile wayenezingane (eziyisihlanu, ezimbili, eyodwa).

[5]

AMAMAKI ESIQEPHU B : 50

ISAMBA SESISONKE: 100